## ISIDUMBU SENTOMBI YOMUNTU ENDHLINI YOMLUNGU.

UMr. Jacob Tabete, epekezelwa uMr. Thomas Tabete umfowabo, bebefikile Ohlange, beze kobikela uMongameli uDube, indaba yesifo sendodakazi yabo eyafiewa isisidumbu endhlini yezimpohlo ezimbili zabelungu ngase Noodsberg.

UMMELI.

Ngenxa yobupofu sekuze kube namhla laba bantu bengenaye ummeli obabhekele lendaba enje, uDube ngezincwadi ezifika kuye z-tembisa usizo nxa kutolakele ummeli, unike oMessrs. Tabete, oyise bomntwana, igunya lokuba baqashe ummeleli, ahambe kona manje ahlolisise lendaba ebuhlungu.

Ningangenzike bakiti ningishiye odakeni. Kukude eNoodsberg, kukude kwa Mapumulo lapo ummeli eya kohlola kona indaba. Pho, nani nibazibabameli iz adhleko zabo.

Kuqashwe uMr. Dickinson wase Verulam.

IMALI.

Bonke abanikelela loludaba abaqondise ku JOHN L. DUBE, PHOENIX, NATAL.

Amapostal orders ningawabhali ukuti ayokokwa ePhoenix. Abavumi ukusinika, akokwa eDurban ngako uPhoenix ningambhali.

Abase Noodsberg nase Sidunjini bebefanele benze umnikelo wemizi yakubo uze seuyisigasa.

---

**Ilanga"**—Lipuma masonto onke ngolweSihlanu.

**Inkokelo.**—Osheleni abaishumiimantatu ngo nyaka-wonke Ikokwa kuqala. Yonke indawo libiza le mali.

**Ukulinqamula.**—Nxa umuntu efisa uku liyeka masazise nga pambili, nxa etule uyalibiza.

**Ukutunywa Kwemali.**—Mayitiwe payable to Rev. JOHN DUBE ngeCheque noma Money Order wePosi, incwadi equkete yona itiwe registered Izitembu asizifuni.

**Izincwadi.**—Maziqondiswe ku Rev JOHN DUBE, OHLANGE PHŒNIX, NATAL.

UMhleli azi misele ukutwe swa icala ngoku bhalwe ababhaleli kupela okulotshwe nguye.

---

**"ILANGA LASE NATAL"**

**OlweSihlanu, November 5, 1915.**

## NGEMPI.

IMIHLA ngemihla indaba yokwenzekayo pesheya iyavela lapa. Kepake noko siti kuhle ukuqoqela mlawonye kona osekwenzekile, sikwenze indaba ibenye kona kayauzwisisa kahle isimo sempi.

Kambe abafundi bepepa leli bayakumbula ukuti isisusa sempi lena ekona namuhla kwakusuke inkosana yenkosi yase Austria, yahambela eServia, eselitiwa namuhla Serbia, ihamba nomkayo bobabili. Ite isekalishini kwavela izigangi zayiponsa ngembumbulu kadanamete, yaquma yababulala kona lapo bobabili. Leso sigangi kasibonwanga, kasitolwanga futi. Futi kambe kuyazeka ukuti lesi'sizwe sase Serbia yisizwana esincane nje, kepa pela siyazalana namaRussia. Kwayitukutelisa inkosi yase Austria, icala yalibika enkosini yase Serbia ukuti kuhle lowo muntu akishwe. Po, loku nangu umuntu engaziwa kwaba yinkohla nje. Balandula abase Serbia. Kakwangena endhlebeni zabafelwa. Abafelwa bati bazakumfuna ngezikali-ke lowo oweze okungaka. Kwaqamuka izwi eRussia liti makukulunywe ngomlomo. Po, loku umkuba wazo izizwe ezimhlope ukuti, kuti, uma kusuke kupendulwana ngezwi impi isike izihlangu ikande, ivipisele imikonto. Nawo pela amaRussia pela ati ekuluma ayehloma. Ko na lapo-ke amaJali agaxela, kwazise umnxa munye nama Austria lawa. Abuza izikali kuma Russia esehloma. Wati etuka umuntu wabe esezwa isibhidhlika ihlasela eFrance ukuko lwabe sekumuka nomoya njalo. Lapa amaNgisi ebona amaJali eebiza abase Belgium, aponseka nawe manje. Kokuloku kwenze ezinsukwini zokupela kuka July nyakenye kuze kube ngoAug.

Lomlilo-ke sesibhebheteke wabhebheteka ngakumaNgisi namaFrench namaRussia. Sekuti ngale ngakuma Jali namaAustrians, kwabuye kwangena amaSulumani aseTurkey, namuhla sekungeno esinye futi isizwana ngakumaJali, saseBulgaria.

Sesizwile ukuti ngasentshonalanga kwezwe lamaJali nelamaAustrians kulwa amaNgisi namaFrench, ngasempumalanga kulwa amaRussia. Kubuye kwati kupakati amaNgisi namaFrench akipa impi ehlasela eTurkey eqamuka ngezansi, owesine lomzila ngokuba pela owesitatu nanko seuqanjwe amaTaliyana. Sekubuya kuti kusenjalo induna yase Greece uM. Venizoles, unxusa amaNgisi namaFrench ukuba awele ngezibuko lakona eGreece eSalonika aye kolekelela amaSerbs. Kuti lapa bala esefikile lawamabandhla, zapambana izinduna zaseGreece nenkosi yakona etete udade wabo wenkosi yamaJali walahla pansi-ke uM. Venizolos.

---

## Isilo Esiqeda Abantu.

Lesisililo esikulu esesiqede iminyango emininingi si ukwonakala kwabantwana. Kucish'ukuba kuyahlonga indhlu engakaze yehlelwe yilesisifo. Sekuvame kangaka ngangoba sekuxoxwa ngako njengendabana nje. Kuqala kwakuye kwetukwe njengokufa inxa umntwana ka Sobanibani evelelwe yiloku; kepa manje akusetukeki; useti omunye exoxa leyondaba omunye abezicelela ugwayi ebuza ezinye nje. Omame bomanyano bati bakala sona lesosililo balinga ukuselapa. Sebe nezinhlangano namasu amaningi abawenzayo beti bayas'ctusa, kepa esikundhleni sokuba setuke sibangiwe ngoba yena lowo uti eti uye omenyaneni intombazana yake ibe isale iquba kona loko unina alwa nako ukuba lendaba ikulile ayise ngangasifunda sinye isingango Hulumeni wezwe uqobo lwake.

Kepa no Hulumeni akanamandhla okuqeda loku pezu kwabazali.

---

## Amandhla Omkuba.

Kukona isaga sabalungu esiti "Umuntu yinvanda yemikuba." Basho ngaloko ukuti konke abantu abakwenzayo ikakulu ukwojayela. Izilwane nezinyoni yiloku kwatini, zaka izindhlu zazo, zenza izinto ngendhlela eloku kwatini zenza ngayo. Isilwane noma yinyoni entweni etile eziyenzayo ziyaba dhlula abantu. Amuko umuntu ongahamba izinyawo zibheke pezulu njenge mpukane, gijimisa okwehashi nenyamazane. Kepa umuntu usidhlula isilwane ngoba yena wenziwa ngomfanekiso ka Nkulunkulu unamandhla okututuka aye kokungcono njalo. Loko sikusholoni? Sisho ngoba abanye bakiti kabakasuki etafeni lezilwane. Basa bambelele kuloko abavela kwenziwa ngokoko babo nakaloku. Okunye okusobala kakulu yiloku. Izingobo lezi ezakiwa abantu yonke iminyaka asiko isizatu sokuba umuntu angaki indhlu eqinileyo angade ebuya aka yonke iminyaka ngoba uyazi kahle ukuti uyolima afake umbila kuyo. Futi uma uhamba pakati kwezwe ungamangala ukubona imizi yabantu bakiti benesibaya nezinkomo, umquba uhlupa izinkomo ngodaka uma linile, kepa ube udingeka emasimini benga cabangi ukuti mawuyo vundisa amasimu. Loko ke njalo amandhla omkuba wokuba oyise babengakwenzi loko. Nati emizini yezikole asipapami ukuba sifunde ngezizwe lezi ezifike pakati kwetu, abelungu namakula. Lezizizwe awuko kuzo umkuba wokuba umuntu liti ilanga lipumile nje akwenze kube umsebenzi wake ukwalukela ukuya kufuna isifazana nje. Okuhle kwalezizwe ngasikutata siyeke okubi ngoba nabo banako okubi kugewele.

---

## Umdhlalo waBantu.

Zonke izindhlela ziya eTekwini. Inyoni iyobe iyeke amapiko ngolwesihlanu nango Mgqibelo kusasa, abantu begobhozisa okwamanzi beya eShow eTekwini beyobuka, abanye beyodhlala izinhlobonhlobo zemidhlalo ebhotshozwe nguMafukuzela woHlanga. Kusihlwa eNew Location amakwaya ayobe edhlana imilala! Uma uyoputelwa yiloku uyoti wake wabonani?

---

## Ezivela Kubabhaleli Betu.

UMr. S. L. Mtimkulu uloba uti uMr. H. S. Katie nenkosikazi basandu kulahlekelwa yingane yabo enye futi ilandela abanye nabo abafa benganga yo le.

Uti futi kusande kufa insizwa yase Natal uPhilemon Ntombela yadilikelwa amatshe emgodini yapela kona lapo. Imali yayo ayitolakalanga lapo ibiyibeka kona kwaze kwenziwa umnikelo wokutwala izindhleko zokumlabla.

UMr. S. N. Nxumalo, Empangeni uti ngoOctober 30 kwakufikiswe ikwaya lase Mpangeni nelase Nanda elipetwe uMr. James Ngcobo kwahlulwa elase Mpangeni.

---

## IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

UMr. S. M. Gumede, wase Newcastle utanda ukuba kuzwakale ukuti naye uyabonga akubonayo emhlanganweni eNewcastle uMongameli ekuluma pakati kwenhlangano. Ufisa ukuba bonke abakolwayo banxuse ukuba izibusiso zomDali zihlele uMafukuzela nomsebenzi wake.

—:o:—

Kute lapa lishonayo ngomsombuluko laqala ukuduma, laya ngokuya laduma lana futi. Kuloko kuduma unyazi luhlepule ushimula wehotela Federal. Hayi noko basinda abantu nendhlu.

—:o:—

Ingana yomlungu uSveyling iponseke esijini ngomsombuluko eJohannesburg yafa.

—:o:—

Umuntu omnyama ulahlwe licala eRhodesia ngoba ahlaba isalukazi somlungu ngomkonto safa. Uza upanyekwa.

—:o:—

UMr. Charles Goodenough Nxaba wase Mvoti ubese Tekwini ngomsombuluko. Uti nakona eMvoti ilanga libatikimezile ekulimeni ngoba lomise kangaka.

—:o:—

URev. C. K. Goba ubese Tekwini ngomgqibelo, wapindela eMvoti ngesantambama isitimela.

—:o:—

UMr. W. Dimba ubebhekele abadhlala ibhola imiteto ngomgqibelo eTekwini, ngoba bati uyayazi yena.

—:o:—

Umhlangano wabefundisi bamaBhunu ohlangene eCapetown, unqume ukuti kuhle ibandhla lawo likuvimbele ukuganana kwabelungu nabantu loko ngoba selikufumanisile ububi bwako.

—:o:—

UKing George V. ute ekwel'imeli yehashi eFrance ehlola amabuto alwayo walimala ngokuwiswa yilo ihashi lelo letuswa ukuhalalisa kwamabuto. Kodwa kube ngozimakaza.

—:o:—

Namhla olwesihlanu ngomsa uMgqibelo, intaka ibekelwe amazolo. Sitsho ngomdhlalo oyisimanga wangomso oyoqala no nayini uze ugcine ngo 7 kusihlwa, kube ilapo kuyiwa ekonsatini eNew Location kuze kube u 11 ebusuku. Ayi tina yena uMafukuzela! Sitanda ukuwabona lamaqabuqaba ake anamhla.

—:o:—

Ngomsombuluko wokuqala kulo leli sonto eNanda Mission Station kushone abantu ababili ngalanga linye. UDaniel Zama indodana kaMr. Stephen Zama uhambe ngalo lelo langa noMambelesi umka Mahlimbi Magwaza.

—:o:—

Amatshe awile ngezimvulakazi zesonto elidhlule leTransvaal, abulala ukolweni nemiti yezitelo.

—:o:—

Kutembeka ukuti uRev. F. R. Bunker, ongumpati wezikole, ubepekezele, umfundisi Stick nenkosikazi yake, ebayise eMsunduze lapa seku ikaya labo kona.

—:o:—

Pakati komuzi eJohannesburg, eBraamfontein kuhlangene isitututu esinesihlalwana eceleni, kanye nemotokali kaMr. Donyain, sona kungesika Mr. Viljoen, ekanye nomkake nabantwana bake. Po, loku kuhlangana njalo bavulele. Hau, sihle isitututu sitatwe imotokali isitwale ibanga sesihamba sibagingqa esibatwele. Baza bahamba sebecotshwa beyiswa esibhedhlela.

—:o:—

URev. A. Mntyali waseMpolweni, ute egqitsha kwesivela eMgu'ndhlovu, wayetatwa esiya eVerulam, ebanga eNtomba lapo enabantu bake kona. Ubehamba noMr. Jeremiah Ndimande owabe engumshumayeli wabo besengasenhla. Usatokozile.

—:o:—

Uti uMr. De Wet (Kungesiye pela uGeneral De Wet osetilongweni) kakusoze kwenza ukuba abanamatele ku General Botha bahlangane nabanye ukuba babe bandhla linye.

—:o:—

Ngase Mpofana umlungu usuke wapa amawundhlu ezimvu angamashumi amabili nesihlanu umuti wokugeza izimvu utwai, eti uyawelapa kanti uwe uze wabanamandhla kakulu, afa onke.

—:o:—

Abantu balwile ngalapa kwesakwa Cele kwesika Tshonkweni. Kakubangako sidumbu, kepa noko balimazana.

—:o:—

URev. W. Foss usebizwa ngamandhla kubo eToronto ukuba akauleze afike, ngaloko uya utata umkumbi ngelizayo.

---

# Ezempi.

Omkulu umkumbi wempi wamaJali ucwiliswe owamaNgisi oshumayo ngase Libau.

o o o

Ku iloku amaTaliyane esukele pansi elwa namaAustrian pakati kwezinyanga ezisitupa yaqalana, asehlepule amabuto a28,000 kumaAustrian. Futi manje kuzwakala ukuti eza nayo njalo impi. EIsonzo atabate abainkulungwane kumaAustrian ngosuku. Nomuzi omkulu wamaAustrian iGorizia ase utabete amaTaliyane.

o o o

Kusandu kubanjwa induna yempi yamaJali eMeleka, uFay eselungisele ukuba abulale imikumbi etwele izinhlamvu nodanamete. Loku uFay lona ukuhlanganyele nomkwenya wabo uSchols. Kuzwakala ukuti bebepete inqwaba kadanamete. Kwetembeka ukuti namhla bafumanisiwe ababulali bemisebenzi emininingi emikulu. UFay uvumile lapa esebanjiwe ukuti noqobo bebehlose kona ukubulala imikumbi etwele izinhlamvu izitata eMeleka iziyisa eEurope.

o o o

E England kubanjwe iJali likwele pezu kwehotela elikulu likuluma ngomlingo namaJali asemkunjini ondizayo liseka mu namhla.

o o o

Abase Rhodesia abafuni iningi labo ukuba bahlangane neNyonyana. Ngaloko abelungu ababili abebepikisana ngako, bencintisana ngokungena empakatini, bakete onqabayo ukuba bangene kuyo iNyonyana.

o o o

AmaKapunari asavunyelwa ukuba apume impi nawo ahlome apelele ngaloko onke angakaganwa eCapetown nawapumapi ayabutwa asekuzwa kumanje: Masinyane aya kuyo.

o o o

Isizwana sase Serbia sibukali kabi ekulweni. Sabatiya abase Austria kuqala nyakenye baze basishiya. Sebete bebuya manje sebekanye namaJali. Kuso lapa belwayo sekuhlome amadoda aqeda iminyaka emashumi asitupa, kanye nabafana abaneminyaka eqede ishumi nesihlanu.

o o o

Ayavuma amaJali ukuti aqutshulwe ngamaRussia ebusuku awasuka lapa abese welela ngapesheya.

o o o

Kutiwa amabuto amaJali ake ambuka inkosi yawo, aqasha abuyela bucala eKutno. Ati uba aqembuke lawo angamakulu amatatu, eduze kwase Skurnivice, alwa kwaze kwashona ama langa amatatu, asele abaleka angena ehlatini.

o o o

Asefinyelele amaRussia eBulgaria asepumela kona amabuto loku aya ngo lwandhle kona.

o o o

AmaTurks songati ati impi yamaJali iyapi kwelakubo loku wona maTurks anamandhla okuzilwela odwa njena.

o o o

Impi yamanzi yase Russia ipikelele ilanga lonke laze lashona idubula imizi yase Bulgaria iVarna ne Bourgas.

o o o

Amabuto amaFrench ayisuse ayibhedula eyama Bulgars emuzini wawo iStrumnitza. Nawo amaFrench ati kakumadoda kakulu loku okungama Bulgars; akanani namaJali enkanini.

o o o

Futi kulowo mzila wase Dardanelles lumi utuli lapa amaTurks evimbe indhlela yama Ngisi nama French njalo ngakona, noma ilwa ngaombaimbai ikakulu.

o o o

Songati futi abase Roumania baza ungena, ngakumaNgisi balwe namaJali. Inxa noqobo kwenza njalo akuyikuba mzuzu abase Bulgaria bemi, baya utshetsha banqotshwe, ngoba sikulu lesi sizwe kuncsase Bulgaria.

o o o

Kuyacuma njalo kuzo zonke izimpi esezike zalwa namaFrench kuye kubatshazwe umbaimbai wawo kakulu obizwa ngokuti 75. Sizwa ukuti ate ukuba amaFrench ahlangabezane nama Bulgars ahle avulela yena. Au, aqundeka kumanje amaBulgars, ati nalapa eseti aleta amanye amabuto atelela kulawa aqedwa umbaimbai, ahle asukele manje amaFrench eze ngaozipeleti ayigwaze amuke nayo.

o o o

Liqinile izwi lokuti impi eSerbia ilwiwa na isifazane uqobo. Kusala izalukazi nezikundhlwana kupela emakaya. Kutiwa ngelinye ilanga amabuto amaJali abamba inkomazi ye Serbia ikwele pezulu ensikeni yocingo ilunquma. Ati lapa esequtshwa "Wo songati bangangidubula ngife sengimdala ngokwanele."

o o o

Ute lapa umkumbi wamaJali uhamba eDardanelles wabonwa owamaNgisi oshumayo, ngaloko wa usukela; kwa sukiswanake kubangwe eConstantinople iGalata, ngaloko kwaze kwatikimezeka nezinqola ezihamba eblohweni lapo.

Sekuzwakele ukuti amaJali abanjwa eMeleka ezama ukubulala ngodanamete indawo lapa kwenziwa kona izinhlamvu. Abanjwa amaJali atile kuqala asede ebanjwa njalo. Namhla kubanjwe elinye futi, sekwenza okwesitupa.

AmaJali ati ngo October abambe amaRussia a41,000.

o o o

Sekukona umoya wokuti amaJali aseqalile ukuzwela indhlala ngenxa yokuba ukudhla okupuma kwezinye izizwe kuvalelekile elwandhle.

o o o

Loku amaRussia abeqale ngokudiliza izindonga zomuzi wase Varna, kaloku sekuzwakala ukuti amabuto akona eRussia asewelela kona eVarna.

o o o

Lokn impi ebe seikona eSalonika ibe sei 150,000 amaFrench odwa, namhla kuwelele kona 70,000 asefika busha.

o o o

Kuyaqina ukuti nabesifazane bama Serbs bayelekelela ekulweni loku kanye nezingane zabo. AbaseRoumania baya wabuta amabuto futi, bewabuta songati banomunyu namaNgisi nabakanye nawo.

o o o

Kukona amabuto amaTurks asepungulwa eDardanelles ayiswa eThrace

o o o

Ati uba amaSerbs asuse izinhlamvu kanye nezibhamu eKragujevac, awushiya lomuzi wase utatwa amaJali. Sekuzwakala ukuti eDobrudge asusiwe amabuto angamaBulgaria, kwayiswa amaviyo amahlanu amaTurks kulendawo, ngokuba engaqinile amaBulgaria.

o o o

Umkumbi oshumayo wamaNgis utshayene nomunye eGibraltar wafa nabantu abalishumi nomuntu oyedwa.

---

## U GQAINYANGA

Nami njalo Mr. Xulu ngiya ufika ngelinye ilanga ngazo izincuku zake kona lapo. Nami ngisa lungisa elami igamu engiya kulihlabela zolo loko. Hiya umuntu uyakungizwa kusasa eLord's Ground mina. Futi sibekelene no Mr. Xulu, ngisho uF. M. belu, ukuti siya upikisana ngejubane. Baze bapelele bonke ngo 4 o'clock bazobuka ijubane. Osele uya udhliwa aosheleni abahlanu. Kangisaqedi nje kodwa nokuti kusaya kangilungela yini nakona lapo. Ngoba ngiti ngisade ngigijima ukuba ngiti mangijwayele, kupunguke nepika leli, loku naku ngingakwazi nokukipa inyongo, sasuka no Mpunyuka ka Ndongeni, wase Mabomvini, site sisasukile nje, ngahle nganyatela ubulongwe, ngashelela ngaye ngahlaba ngedodhlwana pansi, yapela ingaku.

* *
*

Bengikamulukele ukuba ngifinyelele ko Sinyama ka Nomavocwana wakwa Gewensa, kepa ngakalinywa imifula ukugcwala, loku bengikolilwe na ubhoko lwami kwa Cornelius Jali lapa ngibe ngipambukele kona, ngidhlula. Sisengabantu yini pela, Mhleli, loku zisikohla nje. sesapenduka amavaka sesihle. siyabazele nje izwe silihambisa okwamanina.

---

# Etekwini

## Vultures Vs. Victorians at 2.15 p.m.

## eLORD'S GROUND.

Kuyokuti elo pumelela kulawa bese libhekana nama Cannons aseNanda okuyiwona asapumelela kuma Teams onke angapandhle bese bedhlalela iCup ngo 4 P.M.

Ngakoke niyamenywa nonke ngokubanzi ukuba nize nibe kona ninga putelwa ukuzobona ukutshayana kwezi nkunzi zibanga inkomishi eShogilandi kanye neminye imidhlalo ka Mafukuzela.

Imina Owenu,
W. BHULOSE.
Secy. D.&D.N.F.A.

---

## OBHUBILE

U Nomqekelele ka Magema ka Magwaza Fuze wakwa Ngcobo, unqunywe intamo ngumyeni wake uMshweshwe elinye Jack Ndhlovu, ebusuku lapa kutata ukusa ngeSonto. Izihlobo mazamukele loko. Wazalwa ngo 1889. Ekukanyeni.

---

## ASEKO uCHARLIE MABOTE.

Insizwa yase Delagoa Bay ebizwa ngokutiwa uCharlie Mabote ebe ifunda Ohlange ishonile, imuke ngolwesitatu emini, Nov. 3, 1915. Lomlisa weza lapa ezokonzela imfundo, kepa wafike wagula, waze waya kohlinzwa eTekwini uDokotela Makodi, noko inxeba alipolanga lahlala lixixa njalo wahlala ngokugula, useze axinwe umkuhlane nje namhla umfikela emzimbeni ongapilile.

Kubo kuseduze nedholobha lase Delagoa Bay. Bayosiza abalapo ukufinyelelisa lendaba kwabakubo abafunda "Ilanga."

---

## SAPUMAPI TINA?

UKUHLAZULULA UHLANGA.

KU MHLELI WE "LANGA"

Mngane,—Ngicela ukuba uvume ukwamukela lendaba yami engifisa uku yiqondisa kubo bonke abakiti abafunda ipepa lako elidumileyo.

Bantu bakiti abahle, seku'nkati sihlezi ebumnyameni njengokungati sipakati kwesisu senkomo, lapa kungeko langa kona. Namhlanje ngitanda ukuveza indaba engihlala ngiyilinganisa noma ngilele noma ngihlezi, yokuti:—Konje tina size sibe lapa nje, saqamuka ngapi, loku kulendawo esesihlezi kuyo namuhla, sasingeko kuyo mandulweni. Baningi abantu bakiti ongati inxa ubuza kubo ukuti saqamuka ngapi, silapa nje, bakutshene ukuti "Saqamuka eNyakato", bangakutsheni kahle isimo sendaba. Namhlanje ngibhala loku nje, nginxuswa uMr. C. K. Kuzwayo os'eKokstad, onxanele ukuba ke ngilobe ezokuvela kwakubo kwa "Qwabe". Kepa sekute lapo ngimnxusa nami, ngiti, kangelekelele ngamandhlana angaba nawo (loku pela yena unxuswa ngumfundisi uMr. Stephen Kumalo os'eKokstad, ngoba ezwa lapa kukuluma yena uMr. Kuzwayo emtshena ukuti uyazana kakulu nami, wabe ngu mngane wami omkulu); usuka kangipenduli nakungipendula uyazitulela du kanaki luto ngaloko kunxusa kwake. Angisho-ke mina ukuti kulungile loko. Ngipindile futi ngaloba kulo lona leli ipepa letu, ngabuza kubo abakwaKuzwayo, ukuti izinqwaba zamatshe lezi inkosi yakubo uNqeto, wayekombani ngazo, nokuti uNqeto lona yena konje akusiye yini umfowabo ka Pakatwayo inkos'edumileyo yakwa Qwabe na? Kwatula kwati nya, kwangati kutelwe amanzi emlilweni ovutayo. Ngiti-ke bakiti, po ukululekana kwetu loku sesoze sifunyane isiminya senkulumo yakiti kanjani, loku kuti nalapa umuntu eti kusile kona, kanti azika linganisi nokulinganisa ukuti seziyakala izinkuku kona na?

Namhlanje-ke, bakiti, ngizama ukuba kengidukuze kancane, ngilande umkondo wokuti, savelapi tina? Ngoba kuya kanya kusobala ukuti asivelanga kulomhlaba. Inxa umuntu ebukisisa lezi izindaba engisandu'kugcina ukunilobela zona: "Abantu nemikuba yabo bengakafiki abelungu," uyakubona ku be so'bala kuye ukuti ukuhamba kwakiti kuhlangene kunye nokuhamba kwabantwana bakwa Israel. Nazo izinqwaba zamatshe zise yizo ezabe zenziwa yibo abakwa Israel. Po, inxa kutiwa kwati uba bahlubuke inkosi yabo, banyamalala okwokupela kungaziwa lapa batshona kona? Ngikuluma nje, madoda, nami ngiyabona uku ti sesiside kakulu isikati kwenzekile loko! Kepa inxa umuntu ebhekisisa kahle, angazibonela njengami nje, uku ti, loku kwaziwa ngabantu bonke ukuti sonke tina'ndhlu emnyama savela enyakato, konje inyakato lena yona ingapi nezwe na?

Bandhla lakiti, cabangani nicabangisise, nami ngiyazi ukuti akusibo bonke abantu abanekanda nokuqonda izinto; abanye bakutata kwoyise ukwazi basebancane; kodwa abanye kabanaki luto ngokuzwa izindaba kwabadala, babe sebeputa bangazi luto. Kuhle ukuba ati umntwana ati alalele konke ukuhamba kwezwe kwabangapambili kwake esemncane, angahambi nje enganake luto, ati ngiyakuzazi zonke izindaba inxa sengimdala. Ngiyaqinisa ngiti akuko ukwazi nokuhlakanipa okuvela ezimvwini, ungeti ngoba umuntu esemuhlope qwa ekanda, utembe ukuti usazakuhlakanipa loku esetwele izimvu ezimhlope, ngiti mina yikona eb' asituta esingapezu kwaloko abeyiko ngapambili.

Ngiyanxusa-ke kini nonke, bakiti ngicela ukuba keningiluleke nami, kumbe omunye angavela, ongangitshena lapo savela kona silapa nje. Ngicela futi ukuba ningangitukuteleli lapo nizwa ngicamusa lel'gula elikade livinjiwe. Ngibona mina kungati sekuyinkobo yetu loku, ukufihlelwa kangaka! Nasendulo abakiti badukiswa bafihlelwa lapa babeyiswa kona ngu Moses, kwaze kwapela amashumi amane eminyaka bedukuza ehlane, ngenxa yezinhliziyo zabo. Kusinakile futi loku—ukungezwani nokungezwelani ubuhlungu noma omunye pakati kwetu eti uzama ukwelekeleja nokusiza abanye bakubo. Kumbulani enye indaba eyenziwa ngomunye wekwa Israel, mhla uMoses efu nyana omunye wakubo elwa nowas' Egipite; ukuti wati uMoses ukuba abone loko, walamula elamula kanjani, enza ibuku ngakowakubo, waze wageina ngokumbulala, kwafihlwa. Kute ngangomuso uMoses esemfunyanisa lowo elwa nomunye wakubo bati ute lapo es'eti uyabalamula, wapendula wati lo obelwa nowas'eEgipite ubulewe ngu Moses ngayizolo: "Usufuna ukungibulala nami njengaloku ubulele umGipite izolo."

Shiyani leyo'nhliziyo embi, bakiti, nizwane, nihlangane ngako konke. Yekani imikuba emidala leyo eyabe yenziwa abakiti—abasayenza nanamuhla—yokuhlalana emakosini, kona omunye ezakubulawa kube sekudhliwa impahla yake. Ngicela ukuba ningelekelele ngezinhliziyo ezimhlope, kesipenyisise umkondo wokuti, "Savela ngapi tina silapa njena."

MAGEMA M. FUZE.
528 Churh Street.
Pietermaritzburg.

---

## Owaboshwa Ngokuyeka Umsebenzi eJohannesburg.

Mngane,—Ngisapinda namhla ngisacela indawana kuzo izinhla zepepa lako "Ilanga" ngengikubone lapa eJohannesburg, umuntu eboshwa ngokuti uwuyekeleni lowo msebenzi.

Wabate umuntu uxoshwe nguMesisi kwatiwa uwuyekeleni lowo msebenzi? Wati umuntu, "Mina ngixoshiwe kulowo muzi," wati kuyena umlungu, "Tula ngena lapa uhlale pansi ngasemva us'uboshiwe wena." Au, kwa mangaleka njena ukuboshwa kwa lomuntu' engenzanga luto. Kanti mhlawumbe leyondawo ayimhlalisile nakahle.

Owenu,
C. WALLACE KUNENE.
Johannesburg,
October 24, 1915.

---

KU MHLELI WE "LANGA"

Mngane,—Ngicela baba, ibalana nami epepeni lako elidumileyo. Wo, bandhla lacishe lafa izwe. Wangehlulake namhlanje umfo wakwa Masondo wapenduka njengesondo lengqukumbane. Wo! Kwale uNkulunkulu, ucishe yena wati akanguye lowo yena ungulo! Ayi hlome! Ngibuza ukuti ibiyauhloma? Mina ngiti namhla ngabe kukulunywa ezinye. Makehla, nani zintombi ezazise Station nitole izifundo ezikulu nanj enihamba nehlulwa ngamacala enu. Nizwe kutiwa nangu uMampumuzane bese nimnika isihlalo. Ngoba wake wateta mapi amacala asesilungwini ema pulazini okaDinuzulu? Ubesilima yena angatanga igaqa alidhle unina. Kanti niti nifunda "Ilanga" nje, kusenokufika isiklini nje, zintombi niqome? Nj na Makehla nihlabe? Wo! He! Ci she!

Yimina Okaseleziko,
W. MKASIBE.
P.O. Box 4,
Cleveland,
Transvaal.

---

(KU MHLELI WE "LANGA")

Mngane,—Ngicela ituba ezinhleni "zeLanga." Ngicela esifundeni sase Vrede O.F.S. ukuba inkosi yabo ngubani nokuba induna yaleso sifunda nguba ni njengoba zonke izizwe zinamakosi, zinezinduna. Ngowokuqala lowo mbuzo. Owesibili ilona, sikona yini isifunda okuti kunga fika izihambi besezibа abaholi baleso sifunda noma amakosi. Yikoloko okwenza izinduna zenu zingalungi. Indaba iti ilungile, ingabi nanhloko, ngoba nalowo uti, uyinkosi, nomunye ati uyinduna. Indaba yemali yabantu base Free State ekuHulumeni ibe ilungile kahle kakulu impela ukuba ibe inamadoda awaqonde ukulungisela abantu ku Hulumeni, ibizaulunga kahle. Izindaba zenu zipetwe amadoda awazihambi ezashiya imizi yawoyise sezizoqinela imizi yezizwe. Vukani, madoda, ase Free State, kakulu nina base Vrede

Ngiti vuke, Tomo, nawe Dakile niqondise abantu kahle.

E. MTIMKULU.

---

(KU MHLELI WE "LANGA")

Mngane,—Ngicela ibalana epepeni lako elidumileyo, kengibonge ezintweni nabantu, njengoba ngisandu kubabonisa ngomkovu, nemfene; ngako futi ngisa fisa ukubabonisa ngezikova, njengoba kunjalo. Impela isikova siyizwi lo mtakati, kepa asitunywa uyena umtakati. Umhleli usekulume ngengqo mfi wati uma lidhlalisela pambi kwako libika ukusuta; ngako alitunywa ilowo olambileyo litunywa izwi lika Nkulunkulu ngoba lenziwa ngezwi. Lenzelwa loko ukuba libikele abalambile futi nesikova senzelwa ukubikela abanyonyobelwe abatakati bengaziluto. Isikova siyizwi lobubi, inqomfi, liyizwi lobuhle njenga ne ngede ebizela umuntu izinyosi iyizwi lokupa olambileyo. Sifunda encwadini Gen. 1:26. kuti wa izinto zonke zenziwa ngezwi, oku yiqiniso ukuti zonke izinto ziyizwi lika Jehova akuluma ngalo kumuntu wake. Johane 1:1—14.

Izinyoni ezinhle zikuluma ubuhle izinyoni ezimbi zikuluma ububi. Zikona izinyamazane ezibika imihlola nezinyoni ezibika imihlola njengaso isikova bekuti uma sikala eceleni komzi beseku helwa ngentelezá kuzungezwe umuzi. Ngani? Ngabi se lizwile izwi lesikova libelesele emva komzi. Futi kusobala ukuti izinto zonke ziyizwi lika Nkulunkulu ngoba ngomlomo ka Mosi uFaro wayengeke avume abantwana baka Israel bapume, kodwa uNkulunkulu wakuluma ngezwi lamaselesele nezibawu, naomiyane uku ze uFaro avume ngako abaIsrael bafunda lapo ukuti izwi lika Jehova lisezilwaneni, uNkulunkulu ukuluma kubantu bake ngezilwane. Zikona ezikuluma endhle, nezikuluma endhlini. Mhleli uyakolwa ukuti izinto zonke ziyizwa lika Jehova? Ngiyazi uyakolwa yizwi lasendhlini. Ulembu olubika isihlobo, namapela amhlope.

Isibankwa, isitwalambiza, isicatshana, umnyovu. Lezi ziyizwi lase ndhlini ukunyevuza komlomo. Izwi lika Jehova isezintweni zonke ngoba zenziwe ngezwi lake, ngako zenzelwe ukukuluma nomuntu ka Jehova njengoba uAdam woniswa inykoa futi kwati uma uJehova esebonakalisa umusa kuMosi wabonakalisa ngenyoka futi kwati bedhliwa izinyoka kwatiwa akamise yona inyoka bapila. Ngezwi lenyoka, bayafa na ngezwi lenyoka bayapila, elivela kuJehova, ngako uMr. M. M. Fuze ufuna abaIsrael. UJesu uti, "Imiti noyazi ngezitelo zayo." Futi uti imisebenzi yabantwana ilandela eyawoyise, umuti ungezitele izitelo ezinye ngoba ususiwe endaweni yawo. Ngako bhekisisa wena wakwa Fuze.

C. M. MKIZE.